## UMKHULEKO weVIKI

**Nkulunkulu baba, wathumela indondada yakho eyodwa ukuba ize eMhlabeni ukuzosisindisa nokuba izosinakekela ngothando. Ngokuyilandela, sengathi ukholo lwethu lungavuthiswa ngokulalela, nangezenzo zothando.**

**Amen**

Synod 2021 2023
For a synodal Church
communion | participation | mission

**Thola kafushane Imibhalo EyiNgcwele Yansuku zonke**

| | | | |
|---|---|---|---|
| Isonto | 24 October | KwabaseGalathiya | 5: 6 |
| UmSombulu | 25 October | KwabaseRoma | 10: 3 - 17 |
| UlweSibili: | 26 October | NgokuJohane | 10: 27 |
| UlweSithathu | 27 October | Izenzo | 2: 41 - 42 |
| UlweSine | 28 October | UIsaya | 6: 8 |
| UlwesiHlanu | 29 October | NgokukwMathewu | 24: 14 |
| UmQqibelo | 30 October | Izaga | 10: 17 |

# AMALUNGISELELO ENGQUNGQUTHELA KWISIFUNDABHISHOBHI ESIKHULU SASETHEKWINI



### ISONTO LESI-2

## UMSEBENZI ESITHUNYWE WONA

Umkhuleko weNgqungquthela ISinodi:
adsumus Sancte Spiritus “Simi Phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo"

Yonke imibubatho ya-Vatican wesibili iqala ngomukhuleko othi adsumus Sancte Spirit, okungamazwi okuqala esiLathini, okusho ukuthi, "Simi Phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo", okungumlando osetshenziswa kwimikhandlu, amaSinodi kanye nako kunye ukuhlangana kweBandla iminyaka engamakhulukhulu eyedlule, ibhekiswe ku-Santa Isidore wase Sevilla (c. 560-4 April 636), Njengoba silungiselela le-Sinodi, lomkhuleko umema uMoya Ocwebileyo ukuba usebenze kithina ukuze sibe umphakathi nabantu abanothando. Masi zibophezele ekukhulekeni lomkhuleko zonke izinsuku.

## UMKHULEKO we NGQUNGQUTHELA

Simi phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo,
Njengoba sihlangene egameni Lakho.
Sinawe uqobo
ukuba
usiqaphe,
Zizwe
usekhaya
ezinhliziyweni
zethu;
Sifundise indlela okumele siyihambe
Nokuba sizoyihamba kanjani,
Sinteke-nteke futhi sigcwele ukona;
Ungasenzi ukuba sikhuthaze okungalungile.
Ungasenzi ukuba ukunganaki kwethu kusiholeie
endleieni engalungile
Nokuthi kubekhona okusenzisa kona.
Asithole Kuwe ubunye bethu
Ukuze sihambe nawe empilweni yaphakade
Singaphambuki
endleleni yeqiniso
Nakulokho
okulungile.
Konke lokhu sikucela Kuwe
Wena ohlala usebenza kuzo zonke izindawo
nesikhathi,
Ekuhlanganyeleni noYise
beneNdodana, ngezikhathi zonke
Amen.

## UMSEBENZI ESITHUNYWE WONA

### UMZINDLO

Umsebenzi oseqhulwini webandla ukwandisa uMbuso kaNkulululunkul obonakala ngezenzo zokulunga, nobulungiswa kanye nokuthula. umnyombo womsebenzi weBandla ukunakekela bonke abantu okwakhelwe phezu kwenkolelo yokuthi wonke umuntu wakhiwe ngofanekiso kaNkulunkulu. Njengebandla labakholwa kuKristo, liholwa nguMoya Ocwebileyo, iBandla lisebenzela ukuphelelisiswa kokuza kombuso kaNkulunkulu, ngokunakekela abantu, nemvelo, kanye nokulalela izwi labantulayo ngezigaba zabo. Ukulalela, kuyesinye sezikhali zokusabalalisa iVangeli, Ibandla lisimema sonke ukuba silalele isimemo sikaNkulululunkulu, siphinde silalelane njengabantwana baNkulunkulu. *“Bheka Ngimi ngasemnyango ngigqogqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.” (Isambulo 3:20).* Ngokubizwa Ngu Krestu ukuba silalale siphinde siqonde (Mt 15:10), Sisendleleni kanyekanye singamakrestu, siyimindeni, silalela uNkulunkulu ekhuluma nathi ngezintshumayelo, nangemibhalo eyingcwele, nangamaSacramente kanye nangabanye abantu.